IMIKLOMELO YE-SATI YOKUHUMUSHA OKUVELELE NEZICHAZAMAZWI

2015

IMITHETHO

Inhlamvu 1
INhlangano YaBahumushi YaseNingizimu Afrika inikeza imiklomelo ngokuhumusha umsebenzi oshicilelwe kanye nezichazamazwi zokuhumusha ngezilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Izinhloso zokuklomelisa yilezi –

1. ukugqugquzela ukuhunyushwa nokushicilelwa komsebenzi kususelwa/kuyiswa ezilimini ezisemthethweni;
2. ukuqhakambisa indinganiso yokuhumusha abanye abahumushi okufanele bayiphokophelele;
3. ukugqugquzela ubundiminingi (multilingulaism) futhi ikakhulu ukusetshenziswa nokuthuthukiswa kwezilimi zomdabu;
4. ukugqugquzela ukuqonda okuhle phakathi kwamasikompilo;
5. ukuqwashisa ngokuthe xaxa ngendima yabahumushi ekuhlanganiseni abantu baseNingizimu Afrika; kanye
6. nokuqwashisa kakhudlwana ngokuhumusha njengeprofesheni.

Le miklomelo ixhaswe yiSikhwama Sokuthuthukisa se-SATI; noxhaso olwengeziwe uma lutholakala.

Inhlamvu 2
Le miklomelo ikhishelwa inkumusho eyodwa noma isichazamazwi seqophelo elihle ngokukhethekile. Umklomelo unikwa umhumushi noma, uma kuyisichazimazwi, ithimba labahleli, hhayi umshicileli.

Inhlamvu 3
Lo mklomelo ukhishwa njalo eminyakeni emithathu kanti uyokwethulwa ngomhla woSuku Lokuhumusha Lwamazwe (30 Septemba) noma eduze nalo.

Inhlamvu 4
Le miklomelo yenziwa ngokwezincomo zethimba lamajaji elingumbambeli elimiswe wuMkhandlu We-SATI. Leli thimba lingase licele iseluleko kongoti abaqondene uma kunesidingo.

Inhlamvu 5
Imingenelo kumelwe ibe ngeyashicilelwa phakathi nenkathi eselokhu kwagcinwa ukukhipha imiklomelo.

Inhlamvu 6
Kukhishwa imiklomelo emihlanu:

1. ***UMklomeloWe-SATI Wenkumusho Yobucikomazwi*** (literature), imisebenzi yobucikomazwi njengamanoveli, izindatshana, izinkondlo kanye nedrama
2. ***UMklomelo We-SATI Wenkumusho Engeyona IFikishini***, wemisebenzi enjengemilando yokuphila kwabantu (yokuzibhalela noma ebhalwe ngomunye umuntu), izincwadi zesikhuthazo, izincwadi zokuzinikela, izincwadi ezingcwele kanye nezincwadi ezi-*technical*
3. ***UMklomelo We-SATI Wenkumusho Yobucikomazwi Bezingane*****,** wezincwadi zezingane
4. ***UMklomelo We-SATI Wezichazamazwi Zokuhumusha***, wezichazamazwi ezindimimbili noma ezindiminingi ezinyathelisiwe noma zeletroniki

Inhlamvu 7
Owinile emklomelweni ngamunye uyothola isitifiketi sokuvelela kanye nesamba semali.

Inhlamvu 8
Ukuphakanyiswa kwamagama kungaba –

1. wumsebenzi wokuhumusha
   (a) kususelwa kolunye ulimi kuyiswe kolunye kwezisemthethweni;
   (b) kususelwa olimini olungekho emthethweni kuyiswe kunoma yiluphi olusemthethweni ngaphandle kwesiNgisi;
   (c) kususelwa kunoma yiluphi ulimi olusemthethweni ngaphandle kwesiNgisi kuyiswe olimini olungekho emthethweni;
2. yizichazamazwi ezindimimbili noma ezindiminingi ezixube noma yiziphi izilimi ezisemthethweni, ezinyathelisiwe noma ezingesimo selektroniki.

Inhlamvu 9
Ukuphakamisa amagama kumelwe kwenziwe efomini lokuphakamisa amagama elisemthethweni futhi kugcinwe zonke izimfuneko. Kuyokwenqatshwa ukuphakanyiswa kwamagama okungagcini izimfuneko. Uma ukuphakamisa amagama kulethwa ngelektroniki, liyokwenela ifomu lokuphakamisa amagama elilodwa. Uma kulethwa ngephepha eliphathekayo, kudingeka amakhophi ayisithupha ephepha lokuphakamisa amagama futhi kusadingekile ukuba kulethwe igama ngelektroniki. Ngakunye ukuphakanyiswa kwamagama kumelwe kuze namakhophi ayisithupha emibhalo okuhunyushwa kususelwa kuyo kanye naleyo ehunyushiwe uma kuyimisebenzi ehunyushiwe kanye namakhophi ayisithupha aleso sichazamazwi okukhulunywa ngaso uma kuyizichazamazwi.

Inhlamvu 10
Amagama aphakanyisiwe kumelwe ayiswe eHhovisi le-SATI lungakadluli usuku olumiswe wuMkhandlu We-SATI.

Inhlamvu 11
I-SATI iligodlile ilungelo lokungakhiphi noma yimiphi imiklomelo kunoma yimuphi unyaka uma engatholakalanga amagama aphakanyisiwe afanelekile. Loku akukuvimbeli ukuqashelwa kwemingenelo encomeka ngokuphawulekayo kulowo mkhakha.

Inhlamvu 12
Ngaphezu kwaloyo owinile kunoma yimuphi umkhakha, kungase kukhishwe nomvuzo wokuhlabana (merit award) noma indondo yokuthi “kushayelwa ihlombe” kweminye futhi imingenelo ekufanelekelayo.

Inhlamvu 13
Nakuphi okungabekiwe kule mithetho kunganqunywa wuMkhandlu We-SATI.

SATI Office
PO Box 1710
Rivonia
2128

Ucingo: 011 803 2681
Ifekisi: 0866 199 133
I-*email*: office@translators.org.za
I-*web*: www.translators.org.za